IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Uhambo LukaPawulu Olumangalisayo



Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2023 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UPawulu noSila, izinceku zikaJesu, babeboshiwe. Cha, babengenzanga lutho olubi - babekhiphe idimoni kowesifazane. Babonisa abantu ababekhonza izithombe ababehlala eFilipi amandla kaNkulunkulu weqiniso neNdodana yakhe uJesu.
Ngenxa yalokho baboshwa, bashaywa, futhi bavalelwa.



Ungase ulindele ukuthi

uPawulu noSila bathukuthele futhi bamunyu. Kodwa babengekho njalo. Eqinisweni, phakathi kwamabili babehlezi phansi behlabelela izingoma zokudumisa uNkulunkulu! Zabezwa zonke ezinye iziboshwa nomgcinizibosha.



Kusenjalo kwanqamuka ukucula. UNkulunkulu wathumela UKUZAMAZAMA KOMHLABA ukuze kuzamazame itilongo. Yavuleka yonke iminyango. Amaketanga awo wonke umuntu axegiselwa.



Oh - o! Umgciniziboshwa wayeqinisekile ukuthi zonke iziboshwa zazibalekile kulesi sidumo. Uma ngisho noyedwa weqa, umgciniziboshwa wayezojeziswa ngokufa.

Ngokudabukisayo, umgcininyana wejele wahosha inkemba yakhe. Angase azibulale aqede.

Kodwa uPawulu
wamemeza: “Ungazilimazi,
ngokuba sikhona sonke.”
Umgcinizibоshwa ekubona
lokho wathi: “Makhosi,
ngimelwe ukwenzani
ukuba ngisindiswe?”
Ngakho bathi, “Kholwa
eNkosini uJesu Kristu,
futhi uyakusindiswa,
wena nendlu yakho.”
Ngenjabulo
umgcinizibоshwa
wakholwa.



Ngelanga elilandelayo bakhululwa, uPawulu noSila baya kwamanye amadolobha amaningi betshela abantu ngoJesu. Abanye abantu bakholwa, abanye bazama ukubalimaza. Kodwa uNkulunkulu wayekanye nezinceku Zakhe. Ngobunye ubusuku, uPawulu washumayela amahora amaningi. Yalala insizwa eyayihlezi eduze kwefasitela elivuliwe. Ungaqagela ukuthi kwenzekeni.

Wonke umuntu wayazi ukuthi insizwa ifile. Kepha uPawulu wehla, wamgona, wathi, "Ukuphila kwakhe kukuye." Bayingenisa insizwa iphila, bajabula kakhulu.

UPawulu noSila baba nezigigaba eziningi lapho behamba eYurophu. Esinye sezigigaba zikaPawulu ezinkulu senzeka lapho esemkhumbini. Lawa kwakungewona amalayini olwandle ensimbi, kodwa izikebhe zikaseyili, ezijikijelwa phansi kalula esimweni sezulu esinesiphepho.





ngoba wayeseboshiwe futhi. Manje kwakumelwe avele phambi kombusi eRoma, inhloko-dolobha yomhlaba. Imimoya enamandla yanciphisa umkhumbi. Kwakubonakala sengathi isimo sezulu esineziphepho sasiseduze. Kwakuwuhambo olunzima kuPawulu nezinye iziboshwa kanye nezisebenzi.

“Madoda, ngiyabona ukuthi lolu hambo luzophela ngenhlekelele,” kuxwayisa uPawulu. Akalalelanga ukapteni. Baphuma baya olwandle. Lapho isiphepho esikhulu sibahlasela, babopha umkhumbi ngezintambo ngethemba lokuthi wawuzowenza ungadabuki. Uma umkhumbi uphuka, wawuyithuna lamanzi kubo bonke.



Umkhumbi wawupheshulwa isiphepho kangangokuthi ukaputeni wayala wonke umuntu ukuba awusize ukuwululaza. Ngosuku lwesithathu balahla izinto zomkhumbi. Mhlawumbe lokho kungasiza.



Ebusuku, ingelosi yema eduze kukaPawulu imtshela ukuthi izinto zizolunga. Abanye bakhuthazeka lapho uPawulu ethi, "Madoda, yimani isibindi, ngokuba ngikholwa kuNkulunkulu ukuthi kuyakuba njengalokho ngitsheliwe. Kepha, kumele sigijime esiqhingini esithile."

Ezinsukwini ezimbalwa kamuva, isikebhe saphephuka eduze kwesiqhingi saseMelitha. Saphahlazeka emanzini angashoni futhi saphuka. Ukaputeni wayala labo abakwaziyo ukubhukuda ukuba bagxumele olwandle kuqala bese befika emhlabathini. Abanye nabo basinda ngokuphepha, abanye emapulangweni abanye phezu kwezicucu zomkhumbi.



EMelitha, uNkulunkulu wabonisa amandla akhe. Lapho betheza izinkuni zomlilo, inyoka yaluma uPawulu. Abantu babecabanga ukuthi uzofa. Kodwa ukulunywa kwenyoka akulimazanga. Khona-ke abantu bacabanga ukuthi uPawulu ungunkulunkulu. Abantu abaningi abagulayo beza, futhi uNkulunkulu wabaphulukisa ngemva kokuba uPawulu ebathandazela.

Ekugcineni, uPawulu wafika eRoma. Kwathatha iminyaka emibili ukuthi icala lakhe liqulwe enkantolo. Phakathi naleso sikhathi, uPawulu waqasha indlu futhi wamukela izivakashi. Uyazi ukuthi uPawulu watshela izivakashi zakhe ngani? Umbuso kaNkulunkulu! Inkosi uJesu Kristu! UPawulu wayeyinceku kaNkulunkulu eRoma, njengakuzo zonke ezinye izihambo zakhe.

“Ngikulwile ukulwa okuhle, umncintiswano ngiwuqedile, ngigcinile ukukholwa,” kubhala uPawulu eseRoma. IBhayibheli alisitsheli ukuthi ukuphila kwakhe kwaphela kanjani, kodwa eminye imibhalo ithi uPawulu wanqunywa ikhanda eRoma ngomyalo woMbusi, uNero.

UPawulu wafa njengokuphila – inceku kaNkulunkulu ethembekile, etshela abanye ngoJesu Kristu.

Uhambo LukaPawulu Olumangalisayo

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

IZenzo 16, 27, 28

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16